INKULUMO KA: DKT CHANA PILANE-MAJAKE OYISEKELA LIKANGQONGQOSHE WEZOKUPHATHWA KWEZABASEBENZI BAHULUMENI AYENZE MHLA KA 12 KUNCWABA 2023, E-KOLKATA, ENDIYA EMHLANGANWENI WONGQONGQOSHE BE-G20 WOKULWISANA NENKOHLAKALO

Sihlalo oHloniphekile, ngivumele ngikhulume ngazwi linye nalabo abakhulume ngaphambi kwami futhi ngikuhalalisele ngokuba ngusihlalo womhlangano woNgqongqoshe be-G20 ababhekele Ukulwa Nenkohlakalo. Ngibingelele ozakwethu abavela kwamanye Amazwe e-G20 kanye nabameleli beZinhlangano Zamazwe Ngamazwe. Nabo bonke esinabo lapha.

Sihlalo, ithimba lami liyayeseka yonke imizamo yaleli Thimba Lokusebenza elihloniphekile ekulweni nenkohlakalo emazweni ethu.

Kubalulekile ukuba siqaphele ukuthi Ithimba Elisebenzayo Ekulweni Nenkohlakalo le-G20 ngaphansi kobuholi beHhovisi likaMengameli lamanje lika-2023, eNdiya, kanye nomengameli bangaphambilini phakathi kokunye, sebesungule, umbiko wokuziphendulela mayelana Nosizo Lwezomthetho Oluhlanganyelwe kanye Nenhlanganisela Yezenzo Ezinhle Ekuthuthukiseni Indima Yokucwaninga ekulwisaneni nenkohlakalo. Lokhu, iNingizimu Afrika ikubona njengohlelo olubalulekile ekuthuthukiseni ukubambisana ukuze kuthathwe izinyathelo

ngokuhlanganyela ekulweni nenkohlakalo kanye nokubuyekezwa kwezinqubo zezwe lethu ukuze zihambisane nalokho okwenziwa kumazwe ngamazwe. Kuqapheleka ukuthi umthelela wenkohlakalo uyaye ubhekwe ngokobulili.

INingizimu Afrika ileseka kakhulu Ithimba elibhekele Ukusebenza Kahle emkhakheni wokucwaninga amabhuku ekulweni nenkohlakalo futhi ihambisana naMazinga Okucwaninga Ezamazwe Omhlaba ngokwesekwa yizimfuno zoMthethosisekelo kanye nomthetho wokusungulwa koMcwaningi Mabhuku Jikelele eNingizimu Afrika. Umthetho Wokucwaningwa Kwamabhuku Kahulumeni eNingizimu Afrika ka-2018 njengoba uchitshiyelwe uvumela u-AGSA ukuthi athathe izinyathelo ngemiphumela yocwaningomabhuku ukuze anqande ngempumelelo futhi alungise ukungahambi kahle kwezezimali ezinhlakeni zombuso ngokuthi, phakathi kokunye:

- Adlulise umbiko ngokungasetshenziswa kahle kwempahla ezinhlakeni zikahulumeni ezifanele ukuze kuqhutshekwe nophenyo.
- Akhiphe isitifiketi sesikweleti esizodaleka uma zingaqaliswa izincomo zika-AG esimweni lapho kulahleke khona izimali; ngokunjalo
- Nokuthatha izinyathelo eziphoqelelayo zokulungisa ekwehlulekeni ukuqalisa izincomo zika-AG.

INingizimu Afrika iphinde yengeza amandla emiyalelo yokulwa nenkohlakalo eyenziwa ngabasebenzi bahulumeni ngokushaya uMthetho Wokuphathwa Kwezabasebenzi Bahulumeni, ka-2014, ovimbela ukuba abasebenzi baqhube ibhizinisi noHulumeni. INingizimu Afrika iphinde yethula uhlelo lokucwaninga izinga lokuphila kwabo bonke abaphathi kuhulumeni noluqale ngoMbasa 2021 ngenhloso yokuvimbela kanye

nokuhlonza ukukhwabanisa nenkohlakalo Kwezokuphatha Kuhulumeni. IHhovisi likaMengameli nalo selethule uhlelo lokucwaninga izinga lokuphila kwamalungu esiGungu Esiphezulu noluqale ngoNtulikazi 2023.

Ngaphezu kwakho konke, iNingizimu Afrika isohlelweni lokwengeza izindlela zokusebenzisana Kwamazwe Ekuvimbeleni Nasekulweni Nenkohlakalo ngokusebenzisa lokhu:

- Okokuqala, Ukuphasisa umthetho ovumela ukuba kusungulwe inkantolo yezamazwe ebhekele amacala enkohlakalo eNingizimu Afrika.
- Okwesibili, Ukungena esivumelwaneni samazwe kanye nokwengeza imithetho ukuze inikezwe amandla engeziwe ekubuyisweni kwezigilamkhuba zenkohlakalo zizobhekana nokushushiswa emazweni ezone kuwo.

Sihlalo, iNingizimu Afrika iqinisekisa ukuzibophezela kwayo kanye nokuthobela zonke izahluko zeNhlangano Yezamazwe Ahlangene Zokulwa Nenkohlakalo (i-UNCAC) kanye nezinye izinhlangano ezifana ne-OECD, iNhlangano Yezamazwe Ahlangene Elwisana Nobugebengu Obuhleliwe, iNhlangano Yezamazwe ase-Afrika Yezokuvimbela Nokulwa Nenkohlakalo, yizinqubo eziqhubekayo ze-BRICS Zokulwa Nenkohlakalo kanye nezincomo zoPhiko Olusebenza Ngezezimali.

Sikubheke ngabomvu ukwamukelwa koMqulu woNgqongqoshe Wokulwa Nenkohlakalo nabazozibophezela ngawo ekubambisaneni ukulwa nenkohlakalo emhlabeni jikelele.

Ngiyabonga.